# NGINGASIQINISEKISA KANJANI ISIMO SOKUTHOBELA INTELA

**Ukuqinisekisa ngokusebenzisa i-PIN**

Ngohlelo lokubheka iSimo sokuThobela iNtela (TCS), umkhokhintela uyakwazi ukugunyaza namuphi umuntu wesithathu ukuba aqinisekise isimo sokuthobela ngokusebenzisa i-PIN yokungena ku-inthanethi.
I-PIN kumele isetshenziselwe ukuqinisekisa isimo sokuthobela somkhokhontela,

- ku-inthanethi ngokusebenzisa i-SARS eFiling, noma
- egatsheni lakwa-SARS branch.

**Isungqangi:** Uma kusetshenziswe i-PIN ukuqinisekisa, umphumela uveza isimo sokuthobela intela sangaleso sikhathi ngosuku nesikhathi okusetshenziswe ngaso i-PIN.

**Uyiqinisekisa kanjani i-TCS ngokusebenzisa i-SARS eFiling**

**Isinyathelo soku-1: Ngena ku-eFiling**
Ukuze usebenzise usizo olusha lokuQinisekisa iSimo sokuThobela iNtela ku-inthanethi, kumele kube ukuthi unegunya lokusebenzisa i-eFiling. Umuntu ogunyaziwe (isibonelo, omelele umkhokhintela noma umsingathi we-eFiling) wenhlangano ongasungula usizo lokusebenzisa njengeqembu kanti abanelungelo lokusebenzisa kumele bangene bese beqalisa ukusebenzisa usizo lolo.

**Isinyathelo sesi-2: Yenza usizo lokuQinisekisa iSimo sokuThobela iNtela luqale ukusebenza**
Ukuqalisa ukusebenza kosizo lokuQinisekisa iSimo sokuThobela iNtela kuyinqubo eyenziwa kanye kuphela.

- Uma usungenile, sungula amaqembu okusebenzisa kanye namalungelo asebenzayo ukuze ukwazi ukuqinisekisa i-TCS
- Cofa ku-“Tax Status
- Khetha “Tax Compliance Status Verification”
- Qedela inqubo yokuqalisa ukusebenza.

**Isinyathelo sesi-3: Qinisekisa i-TCS yomkhokhintela**

Khetha “New Verification Request” kumenyu. Faka bese uthumela inombolonkombo yentela yomkhokhintela kanye nenombolo ye-PIN. Qinisekisa ukuthi ulwazi lomkhokhintela oluvelayo luyahambisana nalolu umkhokhintela akucele ukuthi umqinisekisele lona.

Isimo samanje sokuthobela intela somkhokhintela sizovela kanti sizobe sihlonzwe ngemibala nezincazelo zokuthi sisho ukuthini leso simo.
Izinkomba eziphawulwe ngemibala zikhomba ukuthi izindaba zentela zomkhokhintela zihlelekile noma cha:

- Obomvu – Izindaba zakho zentela kazihlelekile futhi kawuthobeli imigomo yentela
- Oluhlaza – Izindaba zakho zentela zihlelekile futhi uyayithobela imigomo yentela.

Manje usuzokwazi ukuphrinta isiqinisekiso ukuze usigcine kumalekhodi. Ukuqinisekisa kuzophinde kugcinwe ekhompyutheni ngaphansi kwekhasi elithi “History” ukuze ubheke khona ngesikhathi esizayo.

Ngeminye imininingwane ngalezi zinyathelo, buka isiQondiso soSizo lweSimo sokuThobela iNtela kwi-eFiling yethu.

**Ngabe udinga usizo?**

Shayela i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 SARS (7277) noma uvakashele igatsha lakwa-SARS branch eliseduze nawe.